ILANGA LASE NATAL

Olwesilithanu November 25, 1920.

Umlandu wabanjwa Inkume.

Izigigaba ezenziwa pezu kwendhlu emnyama sexize zayibangela ukuba ibe namagqubu nenzondo ejulileyo. Yiko abaningi nje betokoziswa noma ilupi uhlobo lwamahemuhemu afana nokubapindisela noma afana nenkululeko abayitandayo. Omunye uke wati asazi ukuti abase Meleka laba boze bafike nini iloku beti bayeza kasibaboni. Abanye kuti noma kutiwa kukona iqembu labamhlope abatanda abantu, bapike bati, "Umlungu ufana nomunye." Tina siti umuntu noma isizwe esihlala sibambele esinye umlandu ongapeliyo, asicumi leso sizwe. Niwazi kahle umlandu wamaBhunu kitina bakwaZulu ngesenziwa uDingane kuwo. Sekuze kwaba sesinsukwini zetu lawo magqubu engapeli. Ukuqalwa kweGoli eJozi, sasivama ukuzwa ukuti isono ukucambusa nje ngeke ulale eBhunwini. Kepa ke isikati siyaziguqula izinto, kokunye ingwe iyawaguqula amabala ayo. Abati uGen. Smuts ngakuba kukona asigodhlele kona kulomteto omsha bakohliwe ukuti uDinuzulu noma wake watola ikefu kwaba ngenxa yesenzo seBhunu uGen. Bota. Nomuzi was'Osutu wakiwa nje isenzo seBhunu. Kukona ukuguquka okuningi noma kungabaqamele bonke abantu kuyasisiteka kufanele sikuhlangabeze, singezanzi isikwele sobuwula esingaki luto. Emhlabeni lapa uNkulunkulu uguqula ulaka lwabantu lube 'sibusiso. Futi uma siyezwana tina sodwa asifelani mona asibambelani magqubu ngakube sesikwele ezinyatelweni ezibanzi elatini lenqubeko. Ake sikipe ugongolo olukweletu iso, singakakangwa isibi esisesweni lomakelwane wetu. Kusile bakiti asihlangabezane nezinto ezihlose ukusikulula.

Isita somxwele.

Lezizinsuku es'kuzo wonke umuntu osebangayo kuyamkanyela ukuti esobucayi kakulu endabeni yesizwe sakiti. Sinesibalo esiningi ngempato yetu pansi kwabamhlope, eziningi esiyiqiniso nabo abasibonayo. Isizwe sonke esimnyama kungati siesigodini siyabubula sibuka ukuhlala okuhle egqumeni lapo sonke isizwe sikona. Isimangaliso esikula kuti ingani siyakubona ukuti singumsi'a wesizwe sonke sekukona nabayingcosane bakiti abayibonayo indhlela yokukupukela kuleloggumu noko sisuka kuqubekela pambili ngenxa yo a isita esi umxwele kaSobani noSobanibani sivimbile ukuba kungayiwa pambili.

Kukona omunye kulemisi yaseikoleni emidala lapa abantu bakona sebahlala ngokuba amaqembu nganoba nabo bengebe besatokona ama leyonhlalo ipela abangasayifisiyo ukuba ipele. Uma utanda ukuba usobanibantibani alwe nento akudingeki noba uyicasise eswe ubuhle nobubi bwayo unganele usho nje ukuti isungulwe nguSobanibani noma uSobanibani uyavisekela bese sqonda lapo esoba ngakona yena Leso simo sibi kaku'n ongati singengene kuCongress ngoba loko ukumbu'a's. Ubunye lobu okwasa kuhlat-helelwa ngabo bupete ukubeka pansi eyetu imixwele ama iningi liboca ekunye naloko kulungile kungokokusiza isizwe. Sekuke kwashiwo ukuti "isita somuntu nguye umuntu." Bangakwenza konke okubi pezu kwetu abelungu bascindezele kepa uma tina sibhulungene akuyi kuba nkati ende singakululekange. Aliko iguma ongalidundubala ungalikupukanga wanyatela njalo uze nike pesalu.

Bakona asebeke basho abamhlope bati naye uGen. Smute uyadh'ala nje eti-ukupula abantu ngoba abakawufaneli nawo lomteto ngoba basobe basizise labo abaketiweyo bezipakamisa pezu kwabanye kuti nabangaketiwe bakwelezelane nabo kube yiloku kubangwa ize kungayiwa pambili. Loko niti kungahle kube amaqiniso ngati ? Sikufanele loku futi sibheke nokungapesalu emva kwesikatshana. Kepa leloswi buti nangu uCongress sebambulala bona abaniniwo loku abe senesitunzi nakwabamhlope. Lobubugqepagqepu yibona osebutanisa konke okuhle obese kwenziwe. Wabe umuhle kakulu uCongress kodwa uma bona abangamalungu ake bengampati kahle bengalungele ukumsebenzisa kahle angadhlula abe yise. Kusenjalo nalomteto omutsha uma abantu bewulungele bangenza okukulu ngawo kanti uma bengawamukeli ngomoya wokuzwana ungapesa ukubasiza. Into enye eyenza abanye bawutiye lomteto babuka bona bodwa ababoni iningi lakubo elingakaboni luto okuyiona umteto ubekwe kubukelwa nalo. Ingcosana esifundile ikufanele okupekeme kunaloku kepa iningi alisemva lenziwe njani ke na? Ta'ti semixwele yetu pesimise ndawonye phi'ngo.

EZANENO NAPESHEYA

AMABHUNU neBANTU.

Okucatshaagwa amaBhunu ngati nabesiqondela kona kuhlalake eMpakatini waseTransvaal lapo kapakanyisa ukuba kwotelwe imali engama63,000 opondwe yamfundo yaBantu abangebelungu. Yonke imiHanga yakoPiti yati lemali eyo-wenzenzi, abantu laba bafundisiwa ukutini loku abesose kaba abelungu kayab'ona nje. Basho nokuti abafuni abantu babe abameli loku baningi laba abakona babelungu. Kepa siyatokoza ukuti noko yapeta ngokwenywa imali leyo futi yandiswa.

o o o

UFIKILE UMBUSI OMUSHA.

Wapuma kahle uPrince Arthur eCape Town wesetwa umkosi omuhle wokumbingelela, waseduhlula eya ePretoria lapo afika kona ngolingqibelo, Nov. 20 nakona wafika wamukelwa ngobukosi obulingene isikundhla sake sokuba engowomzalo lwasebukosini Nasendhlelesi waehamba ebona isihomo esiteshisi bolinde ukumbona nokumbingelela.

o o o

ISTRAIKI easeTEKWINI.

Zisayimise emtameni zabelungu baseTekwini amaTrama akahambi. Abashayeli bawo bati imali yoholo mayilingane nomsebenzi kganiweyo nongaganiwe kuyakwa ukuti ogaziweyo wesho uzohola ukuku abe engasebenzi ngapesalo. Kepa kale Straiki abelungu bonse into ebenisa ukuti noma singahlala nabo abelungu sifunde inowadi yabo asidhlelesi lifa nabo. Kute ukuba kungabe kw'hamba amaTrama abeClitison's League baqoqa isimoto batutana bodwa umIndia nomuntu balisheya pansi seloku kuvuke isStraiki. Ngobengcono amaIndian ngoba wona avela ngasibuko linye nabo, abase kona asazo isimoto, wonake uke uwelemele esetwalana. Indhlu emnyama iumsila. Bayasi fandisa ukuba s'ake sweta nati umasi sifune ukuba nesetu isinto.

o o o

ELASE GREECE.

Kuvele isikwangesimba eGreece esidida amaqili. Pela inkosi yakona uConstantine wabe eloku wadingiswa ngenkati yempi kwasale iswe lapetwa yisita sake uMr. Venizelos okade eliquba kahle iswe. Kute ngawo iamasonto kwafika isikati sokuketa kwahlaluka ukuti abantu iningi labo liswane nabasekela uDingiswayo lona wenkosi yabo. Watenaka amandhla uMr. Venizelos obesekelwe amaAllies. Kutewe nesmakile nje nabanye akade epete iswe nabo kwelase Greece Kusabambe uQueen Mother uOlga kuza kukotwa iNkosi. Inkolisa yabase Greece iti makubuyela yena uConstantine kepa amaNgisi ikakuamaFrench awufuni nokuswa ukuba uConstantine abuyele ebukotini.

o o o

IZIYALU eIRELAND.

Ubugebenga obuhlala benseka imihayonke eIreland sekuyikona kuhlala kwakona akasetukeki noma kuswakala ukuti k bulewe umuntu. Kepa amapoyisa nawo abuye asipindiseile Inhlalo yakona iyingudhlungudhlu nje.

o o o

BINDIA.

Naleliswe akuqondakali lapo liyogelna kona. Ukulwa nokwenzi kuka iHulumeni kutiwa kuyakula abanye bati kuyancipa ukukwiza imikono kokwakwaHulumeni.

o o o

IMBALA.?

Izindaba zaseMerika lapo utshwala bungasagaywa kona siyamangalisa lapo bati sekwanda ukuxabana nokungezwani kwabafazi namadoda seloku kwavalwa ugologo kona. Siyadinga ukuti ugologo lona kanti ubuvesa ukutandana yini. Mhlaumbe bazobuye bojayele basenziwa yipango lokupuza.

Isaziso kuMakwaya aseGoli.

Bayeza abah'abeleli abadumileyo bas'Ohlange. Isaziso siscpuma ngelizayo, sanduleta esemakwaya ayopikisana nonyaka obanga inkomishi. Nanka amagama okondintiwana ngawo:

No 1. "When Evening's Twilight—J. L. Hatton.

No. 2. "Come unto me".

No. 3. Ngabon'Izingwazi."—R. T' Caluza.

UNo. 1 singatolakala kuReporter (South African) No. 5788 Page 49.

No. 2 kuCongregational Anthems 4th Series page 168.

No'o. 3 lapa Ohlange ngo 1/-

YISO LESI ISIKATI

Uma kunkenketa amatambo awusozo watola luto oludhlula isigcobo sobuhlungu sikaChamberlain. Yiso lesisi kati sokukuqeda. Linga lesisitobo ubone ukushesha kwaso ukudambisa uhlungu nokushoshozela. Sitengiswa yibo bonke abatengisi.

IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU

Usetenge iplasi eNatal ngase Mgodi, Ixopo uMr. S. Nyuswa waseClydesdale.

—:o:—

Umlungu waseGoli uti nvambulele umuti wesifuba ongagejiyo.

—:o:—

Ufikile uMr. Arthur Goba indodana yesitatu kaMr. Z. K. Goba waseNanda. Uzobona unina ogulayo.

—:o:—

Kafe umfasi weBholomani lapa eTekwini obesoteminyaka engu107 ubedala.

—:o:—

"Kwebiwa isinkwa nokeke ot ulitgene ne £30 mihlayon'e lapa esitolo ikakulu kweba abantu nabanye," kw.sho umlungu wakwaQainn iBake House y seGoli.

—:o:—

Intombazana eyadhliswa umesisi wayo ngase Krantz Kop yati lapo ibaswa yapika kepa yala ukupusa lelokofi yalicita.

—:o:—

Icala labelungu ababili abeba imali yenkampane engango £4,316 yaNatal Mill & Elevator Co., libalahlile kwatiwa basoboshwa iminyaka emitatu nomesebenzi onsima bahlaule futi £200, bati nza beyihloga babaye baboshwe isinyanga esisitupa.

—:o:—

Iminenke edhliwa eParis umsimulu waseFrance iba ngamaTon adhlula isinkulungwane esiyi100.

—:o:—

Isidumo saseBhai sesibuvesile abuhle bokuba isisebenzi sihole 94/6 ngonuku esingafandile.

—:o:—

Kute ngalesi sinsukwana esidhlule amantombazana abantu eya kosebenza emobeni ngase Grostville Halt, abona isitimela sisa agijima eti ayeqa yawa enye sayigaya yafa.

—:o:—

UMr. Gumede umtengi (Tailor) odumileyo waseJohannesburg useDurban, usasopola ekaya.

—:o:—

Ngolwesitatu lukaNovember 17, abelungu bamaTram abense iStrike, bebehlowa iBand labo behamba pakati komosi, besi aningana nesifasane esibambiqoe. Bafike bemise ngase Town Hall, baketa ngesingoma nabo.

—:o:—

Ube ngaseTekwini uMr. G. M. Sitetye wase Theological School eMasimtoti Institute. Umfo osemele iMase yohlobo oluhle lowo.

—:o:—

Kusukela ngoDec. 1 isinowadi esihanjiswa ngesitimela sesizo kokelwa il-1 esikundhleni esndibilishi.

—:o:—

Njengaloku uMiss Miriam Mabaso wahlapeka webelwa imali yake yekwata ot'she kas'Oh'ange bamkalele ngesihlamvana sapela u82. Uyabahoqa bonke. Nati siyambongela.

—:o:—

Wakoliseka uMr. C. M. Tshabalala waseColworth wati chambele eTekwini wafika ebusuku wase ciala endhlini yokuhlalela isitimela yabantu. Wati epapama ngo 4, isigqoko sake nesicatulo waengasesiboni lapo sishone kona.

—:o:—

Bekutetwa icala eGoli likamesisi owasesila indoda yake nomanye umesisi wagqoka esesitisa wapata isiBhunu wadabula ishende lako. Lamteta icala noko.

—:o:—

Umlungu waseDurban ulahlwe yicala le eCape Town lokutshada nomunye umfasi abe emunye esadhla amabele. Unqunyelwe isinyanga esiyisitupa.

—:o:—

Imfluenza ibetshaswa kakulu eTekwini kubulungu. Sebe lidhlansi abasesibhedhlela. Ukuba ivame kwabamnyama kungabe yigidigidi kutiwa kungoba bengenile benesintwala. Bayi 143 abasesibhedhlela bebonke.

—:o:—

Kuvele umhlolo ngalapa eKoloni esigodini seKwaMqanduli lapa isisiwa nestintombi sabe sisina esdhlini, betuka kuvele umlilo wabavimbezela pakati iningi lafela kona. Isidumbe esesitoliwe si ama41. Enye indoda ifelwe abantabayo bonke.

—:o:—

Uti akusiswe nesimpumpute zabantu uRev. H. J. S. Astrup waseNtunzini. Sengati lelozwi linogesi nakubelungu.

—:o:—

Pesheya ePariamende amadoda ake ase apatana matupa ezabene ase alanyulwa. Abuye atelelana amansi.

—:o:—

Amadoda ahlola isidumo saseBhai esegalile ukubuta ubufakasi. Kulandwa kuvalwe iminyango.

—:o:—

Umholi waseGriqua uChief Le Fleur uti kuzoba kona impi yabantu na belungu yena uyoba ngakubelungu.

—:o:—

Kutiwa uflawa uyisinqwaba olapa kaHulumeni nabelungu. Usotengise okaHulumeni. Asasi noma sisokwehla yini lisinkwa.

—:o:—

Ubosbelwe pandhle uMasabalala kuse kutetwe icala lake. Kutiwa abekona komunye umhlangano wabantu base abantu beti befuna u10/ ngosuku ayi u4/6 obese kuvupselwene ngapo.

Ezase Bergville.

(Nov J. E. MOUNU.)

Kute nikilili emasimini abantu bayalima, abanye sebesahlwanyele amabele emagadeni. Futi kungati batshelene nomhlanje, kukukulima loku.

o o o

Usute gqi uMr. Mlambo waseBethany nexpindele emsebenzini futi eKimberley, loku pela wachile ukuxoshwa, bala msebedile.

o o o

Abafuna umbila abalobole kimi namabele, Masidhlase sodwa singadhliwa esinye isizwe.

o o o

Eliaye iBhaibu belitenge ingubo yokulala kimi. Nza ngiti ngibiza 10/- liti lona liyifuna ngo5/- ngiti mina kuti, kangasike loku isina balungu esakulala isinto. Lase lipendula ngokuf teka Ebi, "Oyihlo laba abanse kooke loku omaNgisi" kwadama endhlini laati sikulusa nje kukona iMagistrate kona lapa esdhlini.

o o o

Ngomhla ka28 October uMr. J. Doopiol inkantini yaseBergville, kade insibahise sotshwala, badakwa babaseba belala sonke isindawo abantu omunye wabanjwa amapoyisa wahlanla 5/-

o o o

Noko neiyamangala isingada sidakwa onke amasonto noko kanibanjwa 'kulu isahlulo esipakati kwemlungu nomuntu.

o o o

Kade kuxoxa abelungu abatatu besotenga eSitolo. Bakuluma ngokuxoiwa nomfundo kubantu abansundu. Bati kakusisi into ukubapatisa abantu ngoba kabaqondi ukuti bameleve ukwenzani emva sebebapatisiwe badhlulwa yilaba abafaka umncedo bona benovalo noNkulunkulu. Bati kakusisi into ukufundisa onsundu, ngoba asuke agange nza esefundile, akipe ngologo alobele abanye amapasi, esikandhlini sokuba ense okuhle ukuhola isizwe sakubo.

Madoda sifa ngamvunye.

Ezase Goli

Siyadabuka ukuti kaseko uMdumo ka Mgitshwa Kuswayo, waseMvoti. Wapusa umuti wesinta imbiza yamnquma amatumbu. Waye wafela esibhedhlela.

o o o

URev. Bashise Dube, waseTekwini weZulu Congregational sike samubona lapa umfo kaMfungumfu. Ubukeka kahle.

o o o

Ubutshawa ukuguia uMr. Mosiwa Kuswayo waseMahlongwa. Uguisa eDalagatha. Simufisela impilo oka Mnyajiwa-Ndimi.

o o o

UMr. I. Bud-Mbhele ihamasha elikulu elalihamusha eKimberley, iminyaka eminingi ese uNobhalisa kwaNdaba saBantu, ePitoli, ukwele ngolwesihlana oludhlulileyo ukuqonda sibhal ukuyohumushela iCommittee elihlola ukudatshulwa kwabantu kona.

o o o

UMrs. Mazeko uMongamelikazi weLeague yamakosikazi ubase Pitoli ngolwesitatu oludhlulileyo eyokuzima ngesiduno saSesekai sokubotshwa kwabafazi ngenxa yokuba kutiwa abatwele amapasi. Abavumi baqome leswe isikato.

o o o

Sekuse kwati ke ngomhawa wase Zulwini kwavela indawo kona ngalapo etengiswa lapa engasiniki nasikati sokuqokisela imali yokutenga, kufanele siyitenge ngombaka. Lokoke kungenzeka uma sisekelelwa yibo bonke abantu bakiti, hangaiko ukuti; "Mina ngingowase kutini ngingabesisa labo ngolwami nhlamva."

Kantike kasiko isiqalekiso esisawuthona ngase esinjengokuti," mina ngingaqoma ukuba eyami imali idhliwe iKala kunomuntu."

Lokoke bantu bakiti singase siqede isikole ngesikole siwele nesilwandhle kodwa uma singaka vumi ukusebela olwakiti uto, ngesizatu sokuti loku uto lolo luholwa umuntu omnyama, asizu kuba isizwe.

Okunye umoya kaNkulunkulu usa kusishiya uyosisa sisilamise isizwe esizakayo esizisizayo.

Bakiti asilindele ukuba umuntu wakiti asasibulele nangokuba akipe opondwe bake, uma esijikijela nango 2 noma 5s noma ngol0s noma upo we lowo muntu waNkosi akayi k hlelwa amvuso wake.

Yelekelelani bakiti. Babusiswe abanesihau ngokuba bayakubaukelwa'

Tumelani kanje bakwetu:-

Rev. G. B. MVUYANA,
P. O. Box 6029,
Johannesburg.

OFUN'ABAKUBO.

Ngifuna abaziti abayifaziefbongo eskwaNgatshi. Mina ngingaTimothy kaMayeki kaDhlekezele kaSibiogiya kaMyondo kaQasa kaTshana kaSibiogkadi, kaMkomb'okotwayo, kaSiwulakuhla kaSingamalitha omlomo.

Ngicela ongowaziefbongo atumele kuj

REV. T. NQAKU,
P. O. Box 21,
Lr. Umkomasi

Ezase Bethany."

Kuya jabulisa ukubona isizwe nobaba bependule amasimu abo ukuze batole ukudhla okwanele.

Kuti kuse pansi bese singene esinisiweni zsobaba kuti lapo kuhamba kona umfo kababa ul. L. Siwela udele ubone nje ukuti, hei iya sebenza lensiwe.

Indaba esemkonzeni amatisha alapa kiti songati asoba nomqulo ngosuku lokuvala isikole, 15th Dec. Head Teacher D. J. GUMEDE'

Assistant B. S. NDHOVU.

koba kona nesinto esiyi ngeosane esotengisa esenziwa asantwana tesi kole.

ISAZISO

Kufunwa insizwa yokutengela esitolo, okade wantengela isingubo nezindwangu. Asko imali ayifunayo, atumeje kwiposti zakwati kwaka umusbenzi nesikati anezaqala ngazo, abe ngafundiliyo ukufunda nokuloba isiNgisi nesiZulu.

Isitolo singase Mtshezi uyakwa ikanelo lokutsiza atole umkiomeki ngokutengisa ngokuhle.

Ofunayo makabe ngaiNgisi kuj—

TENGELA.
C/o Ilanga,
Pitoli,
Transvaal.

Ezase'Estowe
(NgoEx. Goba)

Kuko kwenzeka into enhle lapa ngase kusimuku. Umlungu otile wena eCharge Office enokuti nga kutshoutsha umuntu wake esitshiisi. Poko esetenywa njalo uMfotwa ukuba ayegade labo abebayo. Ahle sambambe omunye ase aye sambiba kona "eShantshi" abayeke futi. Ahle abebambe babebone futi lapo esebaqquba abone enva kwaku sunungu ezza kona loko, ahle abeshiye laba ababambile kosunye uba abagcine nonyoko -kelowe omhlope owenza loko okubepe abante. Uyafika uti: "Umelwe ukubanjwe nawe ngokutsoto lomobe" Kahle kuti kuwo lowomunyamana kugamuke eli mbopo ipoyisa ati uba alitshele loku liti, uyeke umiBuni lo, utsto wuba nonye nje akuala loko. Ati uMotwa, kumele nalabaya esungiwa bambile ngibayeke nabo ngoba bonke nnaye. Kwavameka loko,nelowo owenzaa Shantshi wasededelwa. Ha'ala! Mtetwa! Ngomlungu omunye kasinde abantu abahlaza.

o o o

Siyebonga majara akiti seTekwini ngaleco sesso emasonzela loko Kula elali hamba nentombi yomunta. Po yagcina kubani?

o o o

Amandiki namaNdawe asolibalele iswe lakwaZulu. Manje asshlaze ngokukwela isingwaya nemigodhikazi. Kubangwa yini loku bakiti? Kangaswa su lini? Namakowe ku yawakwela amaaye kodwa kumawakete. Umoya omubi lowo kambe.

o o o

Umfo owaluma omunye umlomo wahlaliswa £30, nona isinyanga esine esetenza nzima eJele. Nokoke wahlaliswa wapuma.

o o o

Kuke kwalwa abantu bakaChief Mhlakaza, Amakani nabako Chief Sonkiteho baka Nkomidhli, bazoshwa abaka Nkomidhli. Kasobashwe imali, isihlazu esiboswa (£5.)

o o o

Alikupoli elesawelaboya iloku lisugqile. Soke siswe uba lopolelegi.

o o o

Umlungu walapa opambili uMr C. F. Adams okutiwa ngolwekiti uShali Ladamu usavale esikulu isitolo. Asiko esingaguzo lapa Ishowe.

Liyakula Ishowe "Nsulelandi".

Isicelo seAfrican Cong. Church.

Bakiti sisi bikela usizi olukulu olapesa kwabantu bakiti eMzombe, ese kuyi minyaka emitatu bekhiswa yisimvula beshiswa ngamalanga beshaywa isipepo entsbeni lapo bekonzela kona.

Ukuapo olakwele labo bantu bakiti ukuba kungoko Nkosi nanzatu esesibindi sokutsbeka indawo yokuba basakele indhlwana, yokudamisela iNkosi no Msindisi wabo pansi kwegama leswe isikato.

Sekuse kwati ke ngomhawa wase Zulwini kwavela indawo kona ngalapo etengiswa lapa engasiniki nasikati sokuqokisela imali yokutenga, kufanele siyitenge ngombaka. Lokoke kungenzeka uma sisekelelwa yibo bonke abantu bakiti, hangaiko ukuti; "Mina ngingowase kutini ngingabesisa labo ngolwami nhlamva."

Kantike kasiko isiqalekiso esisawuthona ngase esinjengokuti," mina ngingaqoma ukuba eyami imali idhliwe iKala kunomuntu."

Lokoke bantu bakiti singase siqede isikole ngesikole siwele nesilwandhle kodwa uma singaka vumi ukusebela olwakiti uto, ngesizatu sokuti loku uto lolo luholwa umuntu omnyama, asizu kuba isizwe.

Okunye umoya kaNkulunkulu usa kusishiya uyosisa sisilamise isizwe esizakayo esizisizayo.

Bakiti asilindele ukuba umuntu wakiti asasibulele nangokuba akipe opondwe bake, uma esijikijela nango 2s noma 5s noma ngol0s noma upo we lowo muntu waNkosi akayi k hlelwa amvuso wake.

Yelekelelani bakiti. Babusiswe abanesihau ngokuba bayakubaukelwa'

Tumelani kanje bakwetu:-

Rev. G. B. MVUYANA,
P. O. Box 6029,
Johannesburg.

OFUN'ABAKUBO.

Ngifuna abaziti abayifaziefbongo eskwaNgatshi. Mina ngingaTimothy kaMayeki kaDhlekezele kaSibiogiya kaMyondo kaQasa kaTshana kaSibiogkadi, kaMkomb'okotwayo, kaSiwulakuhla kaSingamalitha omlomo.

Ngicela ongowaziefbongo atumele kuj

REV. T. NQAKU,
P. O. Box 21,
Lr. Umkomasi

Ukulobola nokulobolisa.

KuMhleli we"Langa."

Mhleli, Ake ungivumele ngibe ngu ngamxambuluswi kuloludaba.

Angibuzeli abakuluma ngalo beti kubi nobuti kutungile, kepa noko ngisa, tata ukuumi ukhangoti zndaba ngipotsa iguma ngiti mina kulungile ukulobola nokulobolisa. Pela icala nobubi bensiwe ngumuntu indhlela yako ne benza ngayo, nemali isihle kepa sikona isindhlela ezimbi esenziwa ngabantu abangwa nje ngoba bafuna ukuba nemali eyiningi ngoba bakona abalumuti, kube sobala sempela ngoba akuko oyisolayo.

Mhleli nabafundi bako, ngisuko engekaskaya kabanta ekupatsni kwabo ilobolo, otanda ukuulhola kwese isidhlela esingenziwa ngawo lokuloboloa akafuneki ekulama ngoba eswa uMfundisi waka. Sibaleni sonilandela kepa singakohlwa isizwe ngoba ume nisikohliwa simukukucita loko.

S. D. SILELANE.

Ozwela uRev S. J. Bhengu

(Kamhleli we"Langa")

Baba,—Ngice ibalasa epesani lako sihle kangiswele umfundisi wakiti eseSlangspruit uRev. S. J. Bhengu emaswini eta esiqaksasa ngawo naye.

Yebo, Mhleli, ngiyaswesa amaswi akatina umfundisi; ukuleta ukuze ngingahlukaniswe emaswini ami esihle sika Sobanta lapa sengiti "Yebo, wasthiya elangilevo yedwa kwabaningi, engingabasi mina abanye ababalungile, ngasi manye kupela owafika ese kusifundisa, ngitsho lowo abati bonke abalungileyo batatele kuye."

Kuiswo'maswi ami, Mhleli, ngangiti nenguse esiswe isolo iyaswesa, ngangoba noMr Bhengu sweswa, kodwa ebalela uswahlukanisa ame Letters amakulu namanonse. Naye ayeswa ukuba ngiti: "esisihiyo elangilevo yedwa kwabaningi," ngitsho uSobanta; "ngingabasi mina abanye ababalungile, ngasi MUNYE kupela OWAFIKA EZE kusifundisa, ngitsho LOWO abati bonke abalungitatele KUYE."

Ina bengiti bonke abafunda leabona yesilolo sami bayaswa ukuti ngiti uSobanta wabe elangile pakati kwabaningi, bengingateko ukuti wabe elangile kunabanta bonke, ngoba angibasi bonke abanta. Inza "ngiti ngasi manye kupela owafika esesifundisa, lowo abati abalungileyo batatele kuye," naye lowo bengiti bonke bayamasi ukuti ngiteko ubani, bengingateko ukuti bengase bacinisiswe ngaye, iNKOSI yeta sonke.

Kuleli uRev S. J. Bhengu sti ngingiyamtetisa ngokumtanaza ngalo, ngiti qa Ngwere, ungahambi use uyofinyelela kude wena; mina bengicela ukuba um ngaklewe kwi lokuzikala kwami ngokuzala pansi kwami ngisibiwa ngubaba owangendhla wangikulisa, wangifundisa. Isililo sami semfiki nemisinga, nami engiyakuze ngiye kwa"Gogoyawo" ngisilila; angisuko nelinenge kubantwana umfundisi wakiti uNgwane, angisabone ngaswi naye.

N. M. FUZE

Umfana weSangoma.

Tina sesiyazumba eyamantombazana ukumicela emakaya. Ngipale amandhla nje nza ngizwa uNx Goba eti selifile nangapesheya koTugela. Side sisidedum ngokuti kumbe lisagcuhangcono kona, kanti siyasikhlisa.

o o o

Ngangide ngimangala ukuti abantu baseziSilungwini bensiwe yisi ukuba masinyo made njengamahashi lokuti kanti ensiwa ukuzabha ngo"bushi". Nokuba nibheka ibrashi leli lidhla isinsini emaziyo ezale obala.

o o o

Esinye izintombi singeke silukhe loku isitombe ngoba siti loko kuyalungela utando enziwesi. Nabala kunjale sintombi? O! ngezonela ukuba kwelele" "maledi!"

o o o

Sisa ngabantu ngapi ekugcuf aye nenkomo nje? Inyama esiyidhlayo esiyitenga ngenuku emasikheni—tina sikala kunfayiwe, niti ning. zeleke nibone sesibuya kumnumzane loku ngisheyo nje isibhadhla pansi. Uyibonke indaba mhla kusodhliwa lahloko. Wobona ngendoda isid'ipkama nje esibayeni kanti isibanjiwe. Sesofa sigxam amanzi njengegumba.

o o o

Isizulwa ngamakosi. Kwake kwati lapa kiti Ondini inziswa yati setombisi ayilungele ukushada lapa intombi yati yona ayibilungi. Ite inoku lapo inziswa yayisibamba pakati isintsolo yabanga "esilibebe." Intombi seyahlala yapa yanga ngabasemehlweni. UZesulle kakalofwa.

o o o

Noma sifunda nje sbelungu abakatali kakulu ngati; kuza ngiyamangala ukubona abantu abesi befundile benkumfosa kubelungu ngabantu bakube ngoba benenga isikandhlana lese nuke umuntu obekwe kusona. Ukufunda kwesu kusisasi uma singenzeka sise abantu bakiti ngako? Abelungu abasamngane, beza'kufuna imali kapela.

o o o

Ngizwe isintombi sihleka enye esand'ukushada siti "isosemva" ngoba yashada ngesuzatelo esimyama kapela. Ngite sengibuza kuntsangapeta wesi, pela kufakwa esimhlope nza isifake ingubo yomshado, kusiku nza isifake esinye bese ifaka esimayama. Sofa sifunda.

o o o

Kuqala umfasi wesgeqoka ngendhlela syahlukileyo kwyesintombi, kepa nemhla akusoko loko. Yikoke sekwenda nokwesbela abafasi babanta nje, ngoba ukuqoka komfasi nokwentombi kuyafana.

o o o

Abantu banamhla abasaifani isicatulo esikalayo kanti sika nyingqa naso. Isizwe yayingabe siyigqokile nza ingasifakile. Kwakutiwa sihlile ngoba sibisa. isinkuku nza insizwe idhlula amabalozi akwabo'ntombi. Sibheke okunye ngomso.

IMIDHLALO eMARIANNHILL.

Bekukona umdhlalo webantwana besikole ngo16 kuNovember. UMr. Charles Duke waya kubalela ngoba wayengazange anbone izapambili. Kanvali umlomo ngomdhlalo ayifuwe yezalwa kona. Abafana ke se ngasiti amantombazana. Kwati kwa. kwa sekudrilla (abantaba) abafana abe sonke kwakuhle kwadela. Abanye abanse imihuba ngapala, y bafana beswaza. Nza sekukwesa loko ababe bemcabanga ngetiye into noma isigqokwana esimbona amehlo ndhlela esse njengabanye abahonaya. Kwati ingani yayimifuthwane nje pamihle kakulu.

Lemidhlalo yensiwa ingeseti impelo ngoba uyiguqula esiNgisi ngelesi ngesiZulu esse ukuba ifunele ayanti, bekwiti. Mabeyakwe labe banse bayigogodo imfando yaseMlungwini. Bekwaya lahlebelela kahle kakulu konke kwalo kuhamba ngesigxi sidaye. Nokoke nje baberatsesa kakulu songatiti baputume ukufera loko abakwesaeyo. Bona babe yihambisa kahle kakulu ingoma, ikona kwamapuka loko ukwensa omunye amaswi ungabe nawanambiki kahle.

Bagale udaba olahle laba bantu baseMariannhill. Bakalisa ukuqonda ukutila kumuntu omnyama. Kuhle uma abantu babenomqondo obanti esintweni sonke. IBioscope into esingayincomi nkuba ibukelwe singase ngoba inesintwana esiningi esedane umqondo (Silly). Kodwa loku okuleta umdhlalo ongesinto sakwiti sesemvelo kuyimfundiso enhle. Pambili bakiti!

UMBIKO

Siyazazisa sonke lsihlobo zetu ukuti ngomhla ka3rd. kuNovember sithiwe umfowetu otakekayo uMr. Tungwa Joseph Ngcongo waseMsumbi M. S. Odeke. Akagulanga kakulu ngesi amaronto amane wemuka. Isihlobo seta masisolise ilembiko.

GEORGE NGCONGO
Odeke Hill School,
Morrison P. O.,
Umzumbi Rail.